## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

### *01/2014 Intshumayelo ngesonto 01 esikhathini seAvente, ngomhla 01. 12. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 245/157

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Khristu, siyakubonga ukuthi usasigcinile kuze kufike lesi sikhathi. Qala nathi Msindisi wethu kule nkonzo njengoba sihlangene lapha. Makungabi ngokuthanda kwethu kepha kube ngomusa wakho. Sinxusa ukuthi usivikele kukho konke okufuna ukusehlukanisa nawe. Qinisa ukukholwa kwethu ukuze sibambelele kuwe kuze kufike umzuzu wokumuka kwethu kulo mhlaba. Nkosi Jesu, sihlanze nsukuzonke ngegazi lakho elisusa zonke izono zethu. Makudunyiswe Wena Nkosi ephilayo kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 13:8-14;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 21:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 97/89

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kumaHeberu 10:19-25, lithi: "Ngakho-ke, bazalwane, njengokuba sinesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi likaJesu ngendlela asivulela yona, indlela entsha ephilayo, edabula isihenqo, okungukuthi inyama yakhe, sinompristi omkhulu wendlu kaNkulunkulu masisondele ngenhliziyo eqinisileyo ngokwethemba okupheleleyo kokukholwa, zifafaziwe izinhliziyo zethu kungasekho-valo lokubi, umzimba wethu ugeziwe ngamanzi acwebileyo; masibambisise isivumo sethemba lethu singaxegi, ngokuba ukholekile lowo owethembisayo; masiqaphelane, ukuze kuvuswe uthando nemisebenzi emihle, singakuyeki ukuhlangana kwethu njengomkhuba wabanye, kepha masivuselelane, ikakhulu njengokuba nibona usuku lusondela." Amen.

**8.** **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, akukho okuthokozisa kunokwazi ukuthi kukhona umuntu okumele nokwenzela izinto zenzeke. Sizokhumbula ukuthi eminye yemisebenzi

yabaphristi kwakungukwethula iminikelo nemihlatshelo phambi kukaNkulunkulu. Leyo minikelo nemihlatshelo eyehlukene njengoyokushiswa, eyesono, njalo njalo, yayenziwa ngabaphristi kuphela hhayi noma ngubani nje. Incwadi iLevitikusi ilanda kabanzi ngeminikelo nemihlatshelo okwakufanele yenziwe. Kwakufanele ukuthi minyaka yonke abaphristi benze leyo misebenzi ngokulandela umyalo weNkosi uNkulunkulu.

IZwi lanamuhla likubeka ngokusobala ukuthi manje akusadingeki gazi lezilwane njengakuqala ukuze kungenwe endaweni engcwele kodwa lokhu sekwenzeka ngegazi likaKhristu okunguyena ogcotshelwe ukwenza lo msebenzi omkhulu kangaka. Futhi lokho akudingeki ukuthi akwenze minyaka yonke ngoba wakwenza kwaba kanye kwapheleliswa ukuze thina singene ngesibindi kule ndawo engcwele singesabi lutho. Igazi lezimbuzi, izinkomo, izimvu nezinye izilwane laliyinkomba yegazi likaKhristu elachitheka esiphambanweni ngenxa yethu. Yilona elaqamba indlela entsha eyadabula isihenqo esasehlukanise phakathi kwethu nendawo engcwele. Phela, lapha kukhulunywa ngoKhristu uqobo owazibambela yena mathupha ukufeza umsebenzi ayewuthunwe nguYise. Wakwenza lokhu ngempumulelo yingakho-ke nje sinomphristi omkhulu okungafanele nakancane ukuthi simngabaze. Le ndlela yintsha ngoba asisasondeli endaweni engcwele ngegazi lezilwane nangokwenzelwa ngabaphristi kodwa sisondela futhi singene kuyo ngegazi leNkosi yethu uJesu Khristu, kungekho kwesaba, sinesibindi nokukholwa impela. Singena kule ndawo sinezinhliziyo ezinhlanjulwe ngegazi lakhe. Singena kuyo imizimba yethu igezwe ngamanzi acwebileyo. Sizokhumbula ukuthi amandla ombhapathizo makhulu kanganani ngoba sabhajadiswa noKhristu ekufeni nasekuvukeni kwakhe.

Indlela entsha uKhristu asivulele yona isiphonsela inselelo yokuthi sibambisise isivumo sethu, singakungabazi nakancane ukukholwa okusindisayo esikuthola ngoKhristu. Le ndlela kufanele sihambe kuyo,  siye phambili singabe sisabheka emuva kumbe sethembele kwenzinye izinto nasegazini lezilwane elingenamandla okususa izono kumbe ukudabula isihenqo njengoba uKhristu enzile. Le ndlela entsha isibizela ekutheni sihambe ngokukholwa hhayi ngokubona, ngoba lowo owethembisayo akalali ephenduka njengathi thina bantu, uyama ezwini lakhe futhi akufeze lokho akwethembisile. Uthando nemisebenzi emihle kungumphumela wokuthi siyanakekelana singabantwana beNkosi uNkulunkulu. Intshisekelo yothando nemisebenzi emihle kungumphumela wokuhamba endleleni entsha ngokukholwa nguKhristu. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi singakuyeki ukuhlanganyela ndawonye sidumise iNkosi uMsindisi wethu. Khona lapha sithola ithuba lokuvuselelana nokwelulekana ukuze ukukholwa kwethu kuhlale kuzinzile ngenxa yemisebenzi esiyenzelwa nguKhristu. Kuyothi uma kufika usuku lokwehlulela sibe

sisakubambisisile ukukholwa kwethu okusindisayo ngaye uJesu Khristu. Impela luyasondela lolo suku. Pho, senzenjani na? Akukho okunye esingakwenza ngokwethu ngaphandle kokuthi sikholwe ngumphristi wethu omkhulu nongumkhulumeleni wethu phambi kweNkosi uNkulunkulu. Kufanele singalahli ithemba kodwa siqhubeke nsukuzonke ukudumisa iNkosi yethu.

Yebo, kungenzeka ukuthi zikhona izifundiso nezinto esezifuna ukwesedukisa size sibone sengathi ukukholwa kwethu kuyize leze. Singaze siziqhathanise indlela endala nentsha sibone sengathi izinto zihamba kahle kwendala bese sifuna ukubuyela kuyo yize selikhona igazi likaKhristu elisixhumanisa noNkulunkulu. IZwi liyasiqinisa impela ngokuthi sibambisise ukukholwa kwethu ngethemba lokuthi ngomhla wokuphela nowekwehlulela siyoba neNkosi yethu uJesu Khristu siyidumise kuze kube phakade.

Ziningi izinto ezenzeka emphakathini esihlala kuwo kangangokuthi singaze sibuke impilo yonke ngeso lezwe. Kanti qha akunjalo! Kufanele silokhu sihamba ngokukholwa nguKhristu. Sibuke izinto futhi sizenze sinale ntshisekelo yokukholwa engagudluki evangelini noma ezisekelweni ezamiswa nguNkulunkulu ngabaphrofethi, ngoKhristu, ngabaphostoli nangalo iBandla elisekhona nanamuhla. Ngakho-ke akufanele sibe ngothathekile bese sikholwa noma yini size sigijimele noma kuphi lapho bethi ziyenzeka izinto laphaya. Masikhumbule ukuthi noSathane uphumile ufuna ukusedukisa ukuze siphambuke ekukholweni okusindisayo ngoKhristu.

IZwi liyasigqugquzela ukuthi sihlale sisizana futhi sibuyisane lapho omunye ephambuka yingakho kubalulekile ukuthi lokhu kuhlangana singakuyeki. Masiqhubekele phambili nokwenza imisebenzi emihle siqhutshwa ngukholwa kungayi ngokuthi sifuna ukubukwa yizwe. Kepha senze lokho okufanele ukwenziwa ukuze uBaba wethu osezulwini adunyiswe imihla ngemihla. Masiqhalaze ngokuthi sinomphristi omkhulu osenzela izinto zenzeke ngegazi lakhe ukuze sikwazi ukungena endaweni engcwele ebesingangeni kuyo phambilini. Abanye bathi umgwaqo omdala awunangozi. Kodwa iZwi esilifundile liyakucacisa ukuthi uKhristu usivulele indlela entsha ukuze sizuze ngokuhamba kuyo. Impela ikhona ingozi enkulu yokuhamba endleleni endala ngoba u-Adamu omdala uhlale evuka efuna ukungena endaweni engcwele ngegazi lezilwane. Masingali igazi likaKhristu elisivulele endlela eya ekuphileni kwaphakade. Ameni.

9. **Umkhuleko:** Baba onomusa, siyakubonga ngezipho osenzela zona mihla namalanga ikakhulu ngesipho seNdodana yakho uJesu Khristu. Yiba nathi Nkosi, ngazo zonke izikhathi.

Siphe amandla ukuze sikholwe ngokungangabazi ukuthi izono zethu zihlanziwe ngegazi likaKhristu umphristi wethu omkhulu osimele futhi nesingena ngaye endaweni engcwele. Ameni.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 217/151

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-.E. S. Sithole

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.